# INYUZILETHA YELUNGU



2019 Ushicilelo 2

## OKUQUKETHWE:


Abadle Umhlanganiso Wosuku Lokuzalwa Lwama-30 Pg 2
Imikhankaso Yokufundiswa Kwamalungu Pg 4
Ukwenyuswa Kwemihlomulo Yomngcwabo Pg 2
Izindondo Zemboni Ye-IRFA zomsebenzi oncomekayo Pg 4
Impesheni Impilo Yakho Yonke Pg 3
Indlela yokufunda isitatimende sakho semihlomulo Pg 5
Imikhankaso yase-KZN Yezinsizakalo Ezingafakelwanga Izicelo Zokukhokhelwa Pg 4
Izindlela ezihlukahlukene zokuxhumana nathi Pg 6




# Umyalezo ovela kuCEO

Unyaka ka-2019 bekuwunyaka omatasa kakhulu mayelana ne-MWPF, ubunezinto eziningi eziqala ukusebenza kanye nokunye okuye kwagqama kakhulu kanye nezinselelo ezibe khona. Ukudlula kwethu kukho konke lokhu kusenza sizibophezele kakhulu ekuhlinzekeni amalungu ethu ngamasevisi aseqophelweni eliphezulu ngaso sonke isikhathi.

Unyaka wethu uqale kahle njengoba isikhwama sitholwe ukuhlonishwa ngoJanuwari. NgoMashi sethule ngoksemthethweni umkhiqizo omusha owenzelwe ikakhulukazi amalungu asethatha umhlalaphansi.

Kepha akugcini lapho, Isikgwama siqeda iminyaka engama-30 sikhona. Ngenhloso yokugubha le mpumelelo enkulu kanye nokudlulisa ukunibonga ekubeni yingxenye yalolu hambo olumangalisayo, senyuse umhlomulo wongcwabo kusukela ku-R30 000 kuya ku- R40 000 maqondana namalungu. Phezu kwalokhu, sihlinzeke ngamavawusha alinganiselwa ku-R30 000 njengengxenye yomncintiswano wethu wokugubha iminyaka engama-30 saba khona.

Siyajabula ukumemezela ukuthi kule minyaka eyisishiyagalombili elandelanayo sithole umbiko wezezimali ongenagcobho. Lokhu kusho ukuthi izitatimende zethu zezezimali zethulwa ngendlela efanele elandela imigomo yecwaningomabhuku. Okucacisa ukuthi imali yenu ayisetshenziswa budedengu nanoma ngayiphi indlela. Siselapho nje, kumele ukuthi senizitholile izitatimende zenu zemihlomulo. Uma ningakazitholi, sicela nixhumane nalowo omele i-HR. Lezi zitatimende ziqukethe imihlomulo yenu ngqo ngokufingqiwe kanti olunye ulwazi olumayelana nendlela okumele usifunde ngayo futhi usiqonde lunikeziwe ekhasini 5.

Amalungu ethu ayaqhubeka nokusikhuthaza ukuba senze ngcono kanti ngenxa yalokhu sinezizinda zemikhankaso yokufundisa amalungu, imikhankaso yemali engafakelwanga izicelo zenkokhelo kanye namashaneli obudijithali ngenhloso yokuqinisekisa ukuqhubeka nokuxhumana nani. Siyanikhuthaza ukuba nizisebenzise lezi zizinda kanti ulwazi mayelana nazo lunikeziwe kule nyuzisletha.

Sethemba ukuthi unyaka ka-2019 ungunyaka wakho konke okufunayo. Sifisela nina kanye nemindeni yenu amaholide aphephile okuphela konyaka kanye nonyaka ka-2020 ogcwele impumelelo

Ngiyabonga
**Philda Mphephu**

## Ukwethulwa kwesizinda esisha zesikhalazo

Kuyasijabulisa ukunazisa ukuthi sesinesizinda sezikhalazo ku-inthanethi ngenhloso yokusiza labo abafuna ukufaka izikhalazo Ngesikhwama ukuba basebenzise isizinda esilawulwa endaweni eyodwa ukuze uphendulwe ngokushesha nezikhalazo zixazululwe ngokushesha.

Amalungu kanye nezindlalifa zawo ziyakwazi ukungena ngqo kulesi sizinda ngenhloso yokufaka izikhalazo noma ngabe zikuphi zifike zithumelele zizkhalazo ngqo ehhovisini Lesikhulu Esikhulu.

Yana ku-https://complaints.mwpf.co.za/ ukuze ufake isikhalazo sakho bese uphendulwa ngokushesha.



# Abadle Umhlanganiso Wosuku Lokuzalwa Lwama-30

MWPF CELEBRATING 30 YEARS OF LEGACY DIGNITY RESPECT

Ngomhla wama-14 kuJuni, Isikhwama besiqeda iminyaka engama-30. Siyaziqhenya ngokwazi ukuthi senze umehluko ezimpilweni zabantu abaningi futhi kwabonakala ukuthi sikhule kakhulu ngokuzuza inzalo engazange iguquke. Ngenhloso yokugubha usuku lwethu lokuzalwa lwama-30, sacela ukuthi amalungu asithumelele imilayezo nge-imeyili, nge-SMS noma nge-Facebook ukuze akwazi ukuba sethubeni lokuziwinela ingxenye yemali engu-R 30 000 engamavawusha.

Siyabonga ngemiyalezo ethinta inhliziyo. Siyababongela bonke laba abalandelayo abadle umhlanganiso. Siyethemba ukuthi nikuthokozele ukusebenzisa amavawusha enu.

Sengathi singaba nemi-nye iminyaka eminingi Yokuhloniphana, Yokunikezana Isithunzi kanye Neyokubeka Induku Ebandla.

## Abadle Umhlanganiso

- Jairos Hlangweni
- Lucas Matabane
- Bonginkosi Matshini
- Venkie Maboke
- Ramogosi Mothupi
- Zukiswa Gwaza
- Sfiso Dlamini
- Aronie Mjikeliso
- Mamojaki Mojaki
- Lijane Mofee
- Zukiswa Ndamase
- Andile Thobeka
- Melikhaya Swayiza
- Avhafunan Maladze
- Constantino Machava
- Themba Swelinkomo
- Mbongeni Zulu
- Johannes Mboto







# Ukwenyuswa Kwemihlomulo Yomngcwabo

Njengengxenye yokugubha usuku lwethu lokuzalwa lwama-30, senyuse umhlomulo wongcwabo kusukela ngomhla lulu-01 Meyi 2019 ngaphandle kwezindleko zakho njengelungu noma zomqashi.

**Amanani omhlomulo wongcwabo enyusiwe:**

| | Kusukela | Kuya |
|---|---|---|
| Amalungu | R30 000 | R40 000 |
| Oganene naye | R30 000 | R40 000 |
| Izingane ezineminyaka yobudala eyi-14 kuya kwengama-21 (maqondana nezingane ezineminyaka yobudala engama-21 kuya kwengama-25 kudingeka ubufakazi bokuthi zisafunda) | R30 000 | R40 000 |
| Izingane ezineminyaka yokuzalwa ephakathi kwe 6 – 13 | R15 000 | R25 000 |
| Izingane ezineminyaka yokuzalwa ephakathi kwe 1 – 5 | R7 500 | R15 000 |
| Izingane ezingaphansi konyaka owo-1 wobudala | R3 750 | R15 000 |

**Lokhu kuyindlela yethu yokunibonga ngokuba yingxenye yalolu hambo lwethu.**

# Impesheni Impilo Yakho Yonke

## Ingaba sele ukufutshane ekuthatheni umhlalaphantsi kwaye awunayo ingcinga yokuba uzakuyichitha njani imali yakho yomhlalaphantsi ngendlela enengqiqo?

Ingabe usuzothatha umhlalaphansi yini futhi awazi ukuthi imali yakho yomhlalaphansi uzoyisebenzisa kanjani? Ngomhla lulu-1 kuMashi, sethula ngokusemthethweni umkhiqizo obizwa ngokuthiwa yi-INCOME FOR LIFE. Ngalo mkhiqizo uqinisekiswa ukuthi uzothola uholo zinyanga zonke impilo yakho yonke emva kokuthatha umhlalaphansi.

### Indlela esebenza ngawo:

**1** Uyakwazi “ukuthenga” umkhiqizo ngekhredithi yakho ye-fund, bese-ke uthola inani eliqinisekisiwe elingamarandi zinyanga zonke zinyanga zonke impilo yakho yonke.

**2** Kutshalwa ingxenye enkulu yemali okuyiyo ekuhlinzeka ngengxenye eqinisekisiwe yohlelo lwakho lwempesheni impilo yakho yonke.

**3** Umholo oqinisekisiwe owuthola impilo yakho yonke uzokwenyuka ngokuya ngonyukomali olumenyezelwe (lokhu kuvame ukwenzeka njalo ngonyaka). Lokhu kwenyuka kuncike emananini enzalo yotshalomali.

**4** Uma amanani enzalo ephothifoliyo yakho yatshalomali emabi, imali oyithola impilo yakho yonke ngeke yenyuke, kodwa ngeke futhi yehle.

**5** Uneminyaka eyi-15 eqinisekisiwe. Uma kwenzeka ushona ingakapheli iminyaka eyi-15, imali oyithola impilo yakho yonke izokhokhelwa izindlalifa zakho.

**Isibonelo:**
Uma kwenzeka ushona sekuphele iminyaka eyi-10 wathatha umhlalaphansi, indlalifa/izindlalifa zakho eziqokiwe zizothola isizumbulu semali sesamba semali esele okade uzoyihola zinyanga zonke.

### Uma usuthatha umhlalaphansi, ungakhetha kulokhu:

- Uyakwazi ukuthatha wonke ukheshi wekhredithi yakho yesikhwama.
- Uyakwazi ukuthatha ingxenye kakheshi yekhredithi yakho yesikhwama bese uthenga uhlelo lwemali yempesheli ozoyithola impilo yakho yonke.
- Uyakwazi ukusebenzisa yonke imali yakho ekukhredithi yesikhwama ukuze uzithengele imali yomhlalaphansi ozoyithola impilo yakho yonke.

### Ngiwuthenga kanjani umkhiqizo wemali engizoyithola impilo yami yonke?

1. Thamela umhlangano wokufundiswa kwamalungu lapho uqashwe khona. Lo mhlangano uzokusiza ukuthi ukwazi ukuthatha isinqumo esiphusile mayelana nalokho okumele ukwenze ngomhlomulo wakho womhlalaphansi. Uzoba nethuba lokubuza ama-CRM ethu noma yimuphi umbuzo onawo mayelana nomkhiqizo wethu.
2. Uma unayo intshisekelo yokuthatha lo mkhiqizo, uzothola ikhotheshini ekhombisa ukuthi ufaneleka ukuthola malini njalo ngenyanga uma usuthathe umhlalaphansi.
3. Uyakwazi ukuyamukela noma uyenqabe le khotheshini.
4. Uzoqala ukuthola imali zinyanga zonke uma usuthathe umhlalaphansi.

# Imikhankaso yase-KZN Yezinsizakalo Ezingafakelwanga Izicelo Zokukhokhelwa

Minyaka yonke Isikhwama siyaye sicinge ababesebenza emigodini abashiya isikhwama bengafakanga izicelo zokuthola imihlomulo yabo. Kulo nyaka ngoJuni nangoJulayi, lesi Sikhwama saya KwaZulu-Natali. Inhloso yomkhankaso kwakungukukhokhela amalungu asaphuma kulesi sikhwama leyo mihlomulo okumele ayithole.

**Siyajabula ukubika ukuthi ezifundeni ezinhlanu esazivakashela, ksakwazi ukuthola amalungu e-MWPF angama-556 akhokhelwa inani lemali engu-R26 283 777,67 isiyonke.**

Umkhankaso olandelayo uzokwenziwa eMpumalanga Koloni. Uma kukhona amalungu owaziyo e-MWPF angafakanga izicelo zokukhokhelwa imihlomulo, sicela niwakhuthaze ukuba baxhumane Nesikhwama.

**Ngubani onelungelo lokuthola imihlomulo engafakelwanga zicelo:**

- Yisisebenzi esasisebenza ezimayini zegolide, zamalahle kanye neziplathinamu futhi ezaziyingxenye ye-WMPF phakathi komhla lulu-1 Julayi 1989 kufikela manje futhi abashiya ngaphandle kokufaka izicelo zenkokhelo yemihlomulo. Lokhu kubandakanya lawo malungu athatha umhlalaphansi, adilizwa, asula noma axoshwa emsebenzini.
- Izindlalifa zamalungu e-MWPF asashona.

Sisizeni ukuba sithole amalungu ethu noma izindlalifa zawo ukuze akwazi ukuthola imihlomulo efanele ayithole.





# Imikhankaso Yokufundiswa Kwamalungu

Njengengxenye yokuxhumana namalungu, Isikhwama senza imikhankaso yokufundiswa kwamalungu okuhloswe ngayo ukuchaza kabanzi mayelana nemihlomulo okumele ayithole nokuthi lokhu kusebenza kanjani.

Kubalulekile ukuthi uyethamele le mikhankaso ngoba uyakwazi ukuhlangana nama-CRM ethu ukuze ukwazi ukuwabuza imibuzo ongaba nayo mayelana nemihlomulo yakho. Khuluma nomele i-HR yakho ukuze uthole ukuthi lo mhlangano uzobanjwa nini kweyakho imayini uma ungakabanjwa kulo nyaka.




# Izindondo Zemboni Ye-IRFA zomsebenzi oncomekayo

Ekuqaleni konyaka lesi Sikhwama sahlonishwa ngozakwabo njengesingungqaphambili kwezobuchule kule mboni. Sahlonishwa emcimbini wezinga eliphezulu we-Institute of Retirement Funds Africa (IRFA) nge-Best Practice Industry Awards yaminyaka yonke, owawubanjwe ngomhla wama-23 Januwari 2019.

**Sathola izindondo ezimbili Zomsebenzi Oncomekayo emkhakheni we-Gold Standard:**
- Ukubandakanywa Kwamalungu kanye Nezemfundo
- Ukuqhutshwa Kotshalomali

Sizobophezele ukuhlala ngaso sonke isikhathi ukuthuthukisa izinhlelo zethu zezemfundo nezinhlelo zokuzibandakanya namalungu kanti inhloso yethu ukuphumelela ngokwedlulele. Amalungu ethu abalulekile kithina futhi sizohlala sikhuthazwa yiwona.



# Indlela yokufunda isitatimende sakho semihlomulo

Kanye ngonyaka, Isikhwama sishicilela bese sithumela isitatimende semihlomulo ebhekene nawe ngqo kumqashi wakho. Ukusatshalaliswa kwalezi zitatimende kuqala ngo-Agasti. Sicele uqinisekise ukuthi uyasilanda lesi sitatimende kulowo omele i-HR yakho. Isitatimende sikhombisa Ikhredithi yakho Yesikhwama kanye nemihlomulo ehlinzekwa Yisikhwama sakho ngosuku lwesitatimende.

## Indlela yokufunda isitatimende sakho semihlomulo:

To help you make sense of your benefit statement the various sections are explained here. The statement shows your Fund Credit and the benefits provided by your Fund as at the date of the statement.

### PERSONAL DETAILS

| | | | |
|---|---|---|---|
| Name & Surname: | (Name and Surname) | Category of Membership: | |
| Participating Employer: | Adcorp Technical Training Services | Date of Birth: | 19/06/1979 |
| Paypoint: | ADCORP TECHNICAL TRAINING (920921) | Date Joined Company: | 01/01/2007 |
| Employee Number: | MINSC000 | Date Joined Fund: | 02/12/2007 |
| Industry Number: | Z0000000 | Pensionable Service Date: | 02/12/2007 |
| Identification Number: | (SA Identity No) | Normal Retirement Date: | 01/01/2017 |
| Location: | Gauteng | Normal Retirement Age: | |
| | | Annual Pensionable Salary: | R 96,526.32 |
| | | Annual Risk Salary: | R 120,657.96 |

This section contains your personal information such as your name, identity number, date of birth, membership number and the date you joined the Fund. It also shows your pensionable monthly salary/wages.

### CONTRIBUTION DETAILS FOR THE PERIOD 01/01/2018 TO 31/12/2018

| Contribution as a percentage of salary | 9,37% | 15,63% | 25.00% |
|---|---|---|---|
| | **Member (R)** | **Employer (R)** | **Total (R)** |
| Total Gross Monthly Contribution | 5,022.63 | 8,442.29 | 13,464.92 |
| Less: Administration Fee incl VAT | 0.00 | 480.00 | 480.00 |
| Less: Risk Premiums | 0.00 | 4,727.70 | 4,727.70 |
| Additional Voluntary Contributions | 0.00 | 0.00 | 0.00 |
| **Total Available Investment** | **5,022.63** | **3,234.59** | **8,257.22** |

The total available for investment reflects the monthly contribution after the deduction of administration fees payable and any inclusive risk premiums payable to the insurer.

This section shows your and your employer's contributions to the Fund over the period of this statement as well as the growth/interest you received.

It also shows the costs deducted. These costs are for risk benefits (death, disability and funeral benefits) and administration fees (including actuarial, FSB levies, etc) deducted from the employer's contributions on a monthly basis.

If you transferred money from another Fund or made additional contributions to the Fund it will be shown here.

Your total retirement saving amount at the date of the statement is shown here.

### INVESTMENT SECTION

Retirement Funding Contributions (Total Available for Investment) are invested as shown below:

| | |
|---|---|
| AA (General) Portfolio | 100% |

Your money is invested according to the Fund's Investment Policy in order to make it grow.

### FUND CREDIT BUILD UP FOR THE PERIOD 01/01/2018 TO 31/12/2018

| | **Amount (R)** |
|---|---|
| Balance as per previous statement as at 01/01/2017 | 152,691.60 |
| Total Net Investment for the period as per the Contribution Details above | 8,257.22 |
| Transfers in for the period (External) | 0.00 |
| Transfers in for the period (Internal) | 0.00 |
| Transfers out in the period | 0.00 |
| Net Investment return | 11,129.80 |
| **Investment value as at 30/12/2017** | **172,078.62** |

This block shows how your money has grown since your previous statement.

### INVESTMENT RETURN FOR THE PERIOD 01/01/2018 TO 31/12/2018

| Portfolio | Annual Fund Return | Unit Price | **Amount (R)** |
|---|---|---|---|
| AA (General) Portfolio | 10,43% | 214.54% | 11,129.80 |

The Fund updates member benefits with the full monthly investment returns (growth) earned by investments each month.

The administrator uses your net monthly contributions (after costs are deducted) to buy units in the Fund portfolio you are invested in at the latest unit price which is available. This not only ensures better governance and running of the Fund, but transparency is also improved.

Remember that the unit price will go up or down depending on what happens in the investment markets.

### WITHDRAWAL/ RETRENCHMENT/ DISMISSAL/ RETIREMENT BENEFIT AS AT 31/12/2018

| | **Amount (R** |
|---|---|
| 100% of the member Investment Value | 172,078.62 |
| **Total Benefit** | **172,078.62** |

**IMPORTANT NOTE:**

This benefit will be subject to tax according to prevailing legislation

Here you see the benefit you will receive if you leave the Fund. When you leave you will receive your accumulated Fund Credit as a benefit.

### DEATH BENEFIT BEFORE RETIREMENT AS AT 31/12/2018

| | **Amount (R)** |
|---|---|
| 100% of the member Investment Value | 172,078.62 |
| Insured Benefit | 361,973.88 |
| **Total Lump Sum Death Benefit** | **534,052.50** |

**IMPORTANT NOTE:**

Insured Benefit is equal to 3.00 times Risk Salary. The Accepted Cover is payable in the event of a claim. If your entitlement is in excess of the insurers Free Cover Limit (R 4000 000.00) then you will be requested to submit medical evidence before Full Entitlement can be granted.

This section shows the lump sum death benefit your dependants and nominees will receive if you die whilst in service. If you have no dependants the benefit will be paid to your nominated beneficiaries. It is therefore important to complete the Beneficiary Nomination form in order to identify your dependants and beneficiaries.

### PERMANENT AND INDUSTRY RELATED TOTAL DISABILITY AS AT 31/12/2018

| | **Amount (R)** |
|---|---|
| 100% of the member Investment Value | 172,078.62 |
| Insured Benefit | 361,973.88 |
| **Total Lump Sum Death Benefit** | **534,052.50** |

**IMPORTANT NOTE:**

Insured Benefit is equal to 3.00 times Risk Salary. The Accepted Cover is payable in the event of a claim. If your entitlement is in excess of the insurers Free Cover Limit (R 4000 000.00) then you will be requested to submit medical evidence before Full Entitlement can be granted.

This section shows the benefit you will receive should you become disabled.

In the event that you become disabled or terminally ill you will receive your Fund Credit plus a cash lump sum of 3x your annual salary.

### FUNERAL BENEFIT AS AT 31/12/2018

The following benefits will be paid out in the event of the death of a member or any of his/her immediate family:

| **Funeral Benefit** | **Amount (R)** |
|---|---|
| Member | 30,000.00 |
| Spouse | 30,000.00 |
| Child between 14 and 21 years | 30,000.00 |
| Child between 6 and 13 years | 15,000.00 |
| Child between 1 and 5 years | 7,500.00 |
| Child between 0 and 11 months | 3,750.00 |
| Stillborn | 3,750.00 |
| Paid-Up Funeral Benefit (Retired Member | 30,000.00 |

Funeral benefits cover the main member the spouse and the direct children of the main member. See the benefit amounts for each family member.

In the event of a member's death outside the normal place of residence the benefit will also pay towards the cost of transporting the deceased to a location in their home town.

# Izindlela ezihlukahlukene zokuxhumana nathi












Siyaqonda ukuthi amalungu ethu kanye nezindlalifa zawo asabalele kulo lonke leli lizwe kanti amanye asemazweni angomakhelwane anjengoSwazini, Lesotho, Mozambique kanye neBotswana, yingakho senze ukuba kube nezizinda ezihlukahlukene ukuze ukwazi ukuxhumana nathi noma ukwazi ukubuza imibuzo onayo.

## 1. Izizinda Lapho Uya Khona Mathupha

**Lezi zizinda zivulwa ngoMsombuluko kuya ngoLwesihlani kusukela ngehora lesi-08:00 kuya ehoreni lesi-16:00 kanti zenzelwe ikakhulukazi ukusiza izindlalifa zamalungu ekufakeni izicelo zokukhokhelwa imihlomulo noma ekubuzeni imibuzo. Sineziyisithupha kulezi zindawo ezisohlwini lapha ngezansi:**

| Izizinda lapho uya khona mathupha | Ikheli Lesitaladi | Inombolo yocingo | I-imeyili |
|---|---|---|---|
| **Carletonville** | Office No. 2, 5 Buys Business Park Cnr, Kaolin & Radium Street, Carletonville, 2499 | (010) 100-3001 | clientservices@mineworkers.co.za |
| **Witbank** | Office No. 9, M&B Centre, 16 Mandela Street, Witbank, 1034 | (010) 100-3001 | clientservices@mineworkers.co.za |
| **Johannesburg** | Crn Melle & 26 Ameshoff Street, Braamfontein Johannesburg, 2000 | (010) 100 3001 | clientservices@mineworkers.co.za |
| **Orkney** | Harmony Gold, Moab Khotsong, Teba & Intake Centre building | (010) 100 3001 | clientservices@mineworkers.co.za |
| **Mthatha** | No 49 Leeds & Craiser Street, Metropolitan Place, 1st Floor, Mthatha | (047) 531 2003 | clientservices@mineworkers.co.za |
| **Mozambique** | Bairro de Chinunguine C, Praia de Xai-Xai, Cidade de Xai Xai, Provincia de Gaza, Mocambique | (+258) 282 22 675 | clientservices@mineworkers.co.za |

## EBS Offices

Amahhovisi ethu e-EBS atholakala ngqo ezimayini ukuze sikwazi ukuba seduzane namalungu nangenhloso yokuthi ukwazi ukuza kithi uma uthola isikhathi ukuze uxhumane nabeluleki abanekhono be-EBS.

- **Anglo Gold Ashanti:** Vaal Reefs (Orkney) West Wits (Carletonville)
- **Glencore Mine:** Witbank
- **Sibanye Still Water:** Beatrix
- **Sibanye Still Water:** Driefontein
- **Sibanye Still Water:** Ezulwini
- **Harmony Gold Mine:** Kusasalethu
- **Harmony Gold Mine:** President Steyn Branch

## 3. Isikhungo Esingathintwa

Sinocingo esisindeni sokushaywa kwezingcingo ongashayela kuso uma uthanda ukuthola olunye ulwazi mayelana nokufaka isicelo sokukhokhelwa noma uma unombuzo. Inombolo ithi 010 100 3001.

## 4. Izizinda Zobudijithali

Uyakwazi futhi ukuxhumana nathi ku-inthanethi kuzizinda zobudijithali ezihlukahlukene ezisohlwini lapha ngezansi.

4.1 **Iwebhusayithi yeMWPF – www.mwpf.co.za**

Iwebhusayithi ye-MWPF inakho konke odinga ukukwazi mayelana Nesikhwama, kukhona ikhasi elichaza kabanzi ngemikhiqizo nangamasevisi elinohlu lwayo yonke imihlomulo nokuthi ingasifaka kanjani isicelo sokukhokhelwa imihlomulo yakho, kubandakanya lokho okumele uze nakho uma ufuna ukufaka isicelo sokukhokhelwa imihlomulo yakho. Uyakwazi futhi ukufaka ngqo isicelo sokukhokhelwa kuwebhusayithi.

Kukhona nekhasi lotshalomali elikukhombisa indlela Isikhwama esisebenza ngayo, izitatimende zonyaka zezezimali kanye nemibiko yezezimali egxila ebhizinisini kanye nasekusebenzeni kwezezimali zesikhwama.

Sibuye sibe nesizinda Semihlomulo Engafakelwanga Izicelo mayelana nababesebenza ezimayini noma izindlalifa zabo. Lapha kumele ufake inombolo yakho yemboni noma inombolo yakho ye-ID. Lolu lwazi luzothunyelwa kumphathi obhekana nemibuzo kusizinda sethu sobudijithali bese ebheka ukuthi ingabe ikhona yini imali okumle uyithole noma ayikho.

4.2 **U-Facebook kanye no-Twitter**

Sibuye sibe Namakhasi ka-Facebook kanye no-Twitter, akhombisa amalungu ngakho konke okusha mayelana nayo yonke imicimbi yethu kanye nokuthuthukiswa Kwesikhwama. Nemibuzo yakho iphendulwa ngaso leso sikhathi kanti izinkinga zakgho zixazululwa ku-inthanethi. Akusamele ukuba uye emahhovisi ukuba uthole usizo mayelana nezicelo zokukhokhelwa, imibuzo kanye nezinkinga onazo.

### Silandele ku-Facebook naku-Twitter ukuze uhlale uthola ulwazo lwakamuva

U-Facebook: I-Mineworkers Provident Fund - https://www.facebook.com/mineworkerpf

U-Twitter: Mineworkerspf - https://twitter.com/Mineworkerspf

## IMBUYISOMBIKO YAKHO IBALULEKILE KITHINA

Singathanda ukuthola imbuyisombiko yakho. Sicela usazise ngalokho okucabangayo mayelana nenyuziletha ngokusithumelela i-imeyili ku: externalcomm@mineowrkers.co.za.

